s784 (47) ~~A13/3/21~~ K 13/ F.... Vilakazi. 1/26

1b

Notes about Zwazi of Waschbank. K 13/21 and Zwazi customs in general.

1 Abakwa Laziya.

Lesi esinye isizwe esasizimele ngokwaso. Sasekhelene nalaqadi, ayebuswa uDube indodana kaSilwane, kanjila kangotoma esinye isizwe asasakhelene nalaba balwa laziya bakampunyana kalusoso esakwa nyuswa. Namhlanjena zonke lezizizwe sezahlukana zalwazodwa.

Kwathi ukuba uSomsewu amukhuze umpande musukwana eyokhalela amangwane ukuthi angalwi nama Ngwane, nebala yalalela inkosi umpande. Kuthena ukuzwa ukuthi amaNgwane ayabanga waqala ukuhlasela izizwe ezincane ngoba ezingela ubukhosi bakwa Ngwane. Ngale nkathi isizwe sakwa Laziya sasibuswa umpunzane kalusoso.

2 umpande wayesemuzini wakhe eNjikini wayese nema impi yakhe. Nebala yase iyabuthana kuyena emini. Kwathiwa ayihambe iyohlala kwadlula izinyanga ezimbili.

Kuthena isiwabiza amabuthe yase ithukuthele inkosi ngoba yathumela isigijimi kumpunzane, ukuthi kuhle athumele amabutho, nezinkomo kuyona ukuze imusize ezingozini, nase zandleni zika Dube ngoba wayeseke walwa naye umpunzane uDube. Kodwa wehlulwa umpunzane. Noko uDube wamuyeka umpunzane akamucitha nesizwe sakhe. Umpunzane wenqaba ukukhipha izinkomo namabutho. Impi kampande yakhetha enhla nentaba lapho kulele khona wonke amakhosi akwazulu.

3 Kwathi sekuphelile ukukhetha kwase kuphakwa impi njalo. kuthena ukuba iphaliwe yanikwa umaphitha. umaphitha yamulayeza inkosi ukuba impi ayenze imzila embili futhi ibambe kanye kanye ingabukelelani. Nebala umaphitha wayikhipha imizila embili enye yewusa uTukela. Kuthena kusa kwezwakala, yahloma neka Mpunzane, pho yayingasa hlomeli ndawo. Yabambana enhla Nomngeni lapha yashukana isikhashana yehlulwa lena kampunzane. Nase uyemuka njalo esebeka kwaNgwane.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kuthena ukufika khona yara mukela inkosi yamaNgwane, yajabula ka-
4 khulu ngo Mpunzana. Weza nabantu abaningi impela ukuyo khonza kwaNgwane. Inkosi yase ibakhethela indawo phezulu obonjeni. Inkosi umswazi uthena uma esefa wase uyaxabanisa, njengoba ubukhosi babufanele umbilini indodana yakhe enkulu, yena wabunika uLudonga indodana encane. umbilini wayengekho ekhaya, wayesa xabana noyise umswazi wase uyemuka ekhaya. Kodwa uLudonga wayesemuncane wase banjelwa uNdwandwe isikhunala sakhe. uNdwandwe umfowabo kamswazi. Ngalesi sikhathi uNdwandwe wahlasela izizwe eziningi enzela ukwandisa wona umubuso wamaNgwane. Wahlasela abaPedi abeSuthu, namaThusi nabakaSiyoka bakaMjantshu kaThobela.
5 Nozulu washaywa uvalo ngamandla amaNgwane. Kuthena ukuba abakwa Maziya balubone loludumo babalekela khona. Uyena uNdwandwe owabeka laba bakwaMaziya obonjeni phezulu. Nanamhlanjena uyakuba fumanisa khona obonjeni laba bakwaMaziya. Isikhulu esibambele inkosi yamaNgwane uSaphaza kambudle.

Kwathi ngesikhathi uNdwandwe sekufanele ukuba aphume esikhundleni sobukhosi akabe asathanda. Wafuna isu lokubulala uLudonga. Wenza isu wathi kuhle kuphiswe utshwala emzini wakhe eNkanini, nebala wamubiza naye uLudonga ukuzophuza. Kanti usethumele kuMacebo khabele inceku yakhe ukutshena uSijana
6 Thabede induna ukulala nebutho endleneni balalele uLudonga. Kuthena umaselishona waphuma ehamba namadoda amabili uLudonga uThunjwa noZozo. Base bephuzile kakhulu impela. Kuthena uma bavele umfula uSuthu yababulala impi kaSijama. Wafakanjalo uLudonga engazange abuse. Kuthena ukuba umbilini ezwe ukuthi uNdwandwe ubulale umfowabo, wathukuthela, wahlangana namanye amadoda akwaNgwane, athukuthela ngesenzo esenziwa uNdwandwe ukubulala uLudonga. Wakwela uBombo wathola bona akwaMaziya, ukuba kubulawe uNdwandwe. Wayesekhona u punzane. Uyena uqobo owaphaka impi. Yavimbezela ekuthatha kokusa emzini

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

7 kandwandwe enkanini lapho yabulala akwasala lutho, kodwa uNdwandwe waphuma waye, wafinyelela emadlangeni, noko impi yamulandela yaye yamufumanisa lapho. Kuthena noma esecela uxolo uNdwandwe ababe besamvumela. Amazwi kaNdwandwe awokuthi "ukuba bengazi ngabe ngingakwamukela nga Mpunzane". Umbeki wenkosi kabusi nayo". Kasho bamubulala.

Kwathi esefile uNdwandwe kwase kubusa umbilini lapho kwase kuhamba uNyamayenja ngokubanga nombilini. Maningi amaSwazi amuka kwaNgwane ayokhonza kwazulu. Lana ayakhe ngehla nezwe lakwazulu ayebizwa ngokuthi amaNkengane abeqaqele endulo kulolonke leli lase ngcaka nelase Badeni ngaso Dumbe yiwoke amaNkengane
8 kaNyamayenja. Yiwona eyeloku efika ezokhonza kumpande kwazulu. AmaSwazi angena kakhulu kwazulu kubusa umpande engena ngokukhonza komhlaka, kolukwazi, komkabayi nako Diyikana kaHlakanyana wase mabatheni. Nazi izibongo xalawo maSwazi ayefika kwazulu. Nkabinde, Kubika, nkambule, zondo, Mpunsula, Dkamini, Nkosi, Mhleko, Vilakazi, Mdluli, Ngomezulu nezinye eziningi. Nanka ama-Swazi afika kanye kanye enkosini ezokhonza kwazulu. uDlamini wakwaNkosi. Phela laba abakwa Dlamini behlukene kaningi, laba abakwaDlamini abangenhlakwase Tilidi kakusiyena uDlamini Nkosi. Ngomunye njena uDlamini owadabuka kwazulu. uDlamini Nkosi wasuswa
9 umbango kwaNgwane. Omunye umbango wenziwa uSidubela kanye noMalambule kaSobuza kanye noThekwane naye uNyamayenja kaSobuza. Lonako uMalambule uyise kaMaloyi awakhe eMpenwane obutho lakhe nguno Khenke. Kwathi ukuba uMpande ezwelombanga wathumela impi enkulu ukuyosiza amadodana kaSobuza embangweni wawo. Ngalenkathi kwakubusa umbilini abanye bathi kunge nkathi kubusa umswazi kwathi ukuba anqobe umpande wabehlukanisela izindawo abakaSobuza abantwana:-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

1 uSidubela wamunika abaQulusi

2 uNodakada wamunika uNyamane

3 uMalambule wamunika uHamu

4 uThekwane wamunika uMasiphula

5 uNyamanyenja wamunika uLukwazi

Kuthena emvakwaloku wavela futhi umbango khona eSwazini, kuba nga umbilini noLudonga iyengoba sengishilo. Nayeke walandela uMalambule uyise. Ynake wa nikwa uDiyikana kaHlakanyana kwelase Dumbe. Omunye umuzi kaHlakanyana owase Nyathini cwawakhe eManzini. Kuthena noma eseyokulwa no Ndwandwe wabephuma khonalapha umbilini.

AmaSwazilana yiwona afika nokwenziwa ngomdokwe, incwancwa kwazulu yayingaziwa incwancwalena. Namhlanjena semaningi amaSwazi aseyizinzule kwenza umbango wabantwana benkosi. Kwathi namaqhawe amakhulu akwa ngwane emuka aya kwazulu, njengo Hunu awayedume kakhulu impela kwazulu, kanti yena wayeli Swazi. Waze wa butha ibutho lakhe ngobuqhawe bakhe uHunu wakwaNdlalose. Ibutho lakhe kwakuwukandampemvu. Kwathi ukuba afe uNdwandwe kwase kubusa yena umbilini. Kuthena esangena esikhundleni sobukhosi, amaNgwane awaze amuthanda, afuna ukumubulala. Kodwa wathi ngokubaleka kwakhe waphumelela. Kuthe uma esehambile kwase kuthethwa uMbandeni yenabelu kaMswazi. Yenake uMbandeni wayeyisi akwa ethanda utshwala kakhulu okwenza abelungu bazeba thola izwe lase Swazini. Kwathi amaSwazi ase andanezwe lakwaNgwane.

Ukwanda kwamaNgwane uNhlaka wafika wakha umuzi wase Zisayini awasuka kwaDukuza. Yonke eminye isizalwa Zisayi. Sekuvela owase ninqeseni, nowase Zizweni, nowase Kudubeni, nowase Nkambule nowase Makwathuni pansi kuka Nqongwane. Miningi imizi eyavela

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

eminye. Kwathi umuzi wase Shingane wabekwa eSikhunye. Kwathi u-Sekethwayo kaMhlaka wazala uMswazi tunge yona belu inkosi yama-Swazi, wasala uZidunge, noGinininiza noMalambule nabanye abaningi. Oyena awayinkosana kuSekethwayo uZidunge, kodwa wayengeyona indodana yokuqala kuyise, Inkosana izalwaphela inkosikazi, Emuzini womfokazana inkosikazi umfazi wokuqala. Koswa emizini yamakhosi, nezikhulu kakunjalo. Kuye kuthi umntwana wenkosi kube uyena ozala inkosana, nona kungeyena umfazi wokuqala. Njengoba wayezalwa isikhulu uZidunge waba inkosana kuyise.

13 Inkosi uSigweje yaba kwaKunene. Laba baphuma kwamahamba njengoba namhlanjena sebakhe kuleli lakwaHlathi kwelase Waschbank. Bemuka eSwazini ngesikhathi uMalambule exabene noMSwazi. Kwathi ukuba uMalambule abalekele kuLigweje wase ethukuthela uMSwazi esehlasela yena uSigweje. Yingako emuka kwelase Swazini njena uSigweje.

uSigweje noNkambule babezalana. Laba baka Nkambule badumisa isithakazelo sokuthi (Mncube) kwathi inzalo kaMadonsela yona yaduma nesithakazelo sokuthi Kunene. uSigweje lona uyena inkosana kwabakwaKhambule.

Abaningi akwaKunene nabakwaNkambule, nabakwaMncube, Madonsela
14 sebakha phezulu eKcome kusukela eDudusini kubange ngase Nquthu, abanye nampa kwaHlathi kwelase Waschbank. AbakwaMadonsela bacitheka kwelasenhla sebandile impela, izinsika zabo zingase Mkhondo nase Ngcaka. Kuyabonakala ukuthi uSigweje engaka yikwa-Hlathi wakhe wabeka emuva eSwazini evela eMkhondo. Kuthike umfowabo uKhambule walewusa ingasekho indlela yokuhlangana no-Sigweje. uSigweje wakha umuzi wakhe phansi kweNhlongomnya. Ngu yena owaye lima izimfundazo Bivana . Namhlanjena leyo ndawo kaSigweje kuse Mbalambala.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

15 Kwathi dukuduku izinsuku zombuso wakwaKunene kanye nabakwaMadonsela zasongwa njenge cansi. Kwathi ukuxoshwa kuka Mzilikazi, ebalekela uTshaka izwe lase liyanyakaza. uMzila kaMzilikazi wahamba kwelase Mangwaneni, waye wadundubala kwelase Zingweni ngase Filidi eqonde ngakwaThili eNqabeni kaHawani. Oyenake lona owadungadunga uMbuso kaSigweje kwaba ukucitheka kwawonjalo. Kwathi impi enkulu kaSigweje wayithumba uMzilikazi kaMashobane, wahambanayo. Yena uSigweje wacasha emgedeni wase Nhlongomi ya nempana encane. Kuthena emvakwaloko uSigweje wemuka impela walishiya elase Bivane.

16 Kwakungasenakulu nga impela, mpela ngendaba yezimpi zikaTshaka, uTshaka lona wayelwa noNdwandwe owayebuswa uSikunyana. Kwathi uma esebaleka uSigweje, wabeka eMajuba. Kwaphinda futhi walahlekelwa abantu abaningi. Kwathi abaningi baphindela emuva kwelase Swazini, bawela uPhongolo baqonda kwelase Mhlongamvula. Kwathi ukuba afinyelele eMajuba ababe besahlangana abantu bakaSigweje. Kwathi uVilana oyena wayeyinduna nkulu wamhaphuka sebekhona kwelase Majuba. Yena wemuka wawela uMkonto lapho wase uyakhe. Yingako namhlanjena sewizwa kukhona abantu bakwaVilana. Yena uVilana wayeyinduna enkulu yenkosi uSigweje. Isibongo sikaVilana wakwaMacube.

17 Kwathi abanye futhi abakwaSigweje, esemuka futhi ephuma eMajuba yasalela iMthonselana eminingi, yemuka nayo yabeka kwezinye izindawo. Naye uNkambule uqobo lwakhe uze wamuka sekufika uNhlaka kaDikane, uyise kaSekethwayo wakwaMdlalose. Umuzi kaSekethwayo wakwaKhambule waqanjwa ngegama lenke ngane uKhambule awobe akhekhona ngesikhathi esiphambili. Kuthi emvakwaloku umbuso kaSigweje waphela, selihanjwa izinja namhlanjena. Yona inzalo yakhe uSigweje yiningi yandile futhi nezwe lonke ikakhulu kuleli lase nhla. Enyoinzalo yakhe nansi kuleli lase Waschbank kwelase Natal. Oyena obusayo uNicholus Kunene.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

18 Njengoba ngishilo laba abakwaKunene bahamba baye baphenduka lena kwelase Mgungundlovu eYiDeni. Babe hamba noMfundisi uMnineli omuhlophe esuka nabo ngaseFilidi. uthena ukufika uMmneli wabonana noPotolozi andries Pretorius. Kuthena uku a bathi ukuhlala babuye bemuka abakwaSigweje beza kuleli lakaMlathi kwelase Waschbank. Kuthe kunjalo engasekho uSigweje kwase kubusa indodana yakhe Iyona esizala uNicholus. okade ebanjelwe umfowabo yise uRobert uphumenaye esekhulile uNicholus ngo 1939.

19 Izibongo zikaSigweje.

uMlambo kandlela yenyathi Uqwababa zine zinyembezi uMkona ovikela isibili. uMshishilizi kwezikude, uMadela uyise nonina, uma mukhulu, wemuka nabamhlophe, abanhlebe zikhanya ilanga.

uMafukameli ngokufukamela uMalambule. Indlela azibanjwa ziye sabeka.

uMlambo ogcwala semuka, emnye igcwala yakhile uMlambo ezane zikhukhula.

uGweje omhlophe nguya mesabi.

usikhundla siyayetha, bamuzingela ngazozonke izindlela okaNgwane.

20 uSonnzodwasa wazodwa abakwabo bamufela umona, ongenakufa ngumadliso, uyakufa ngamaloyo. Inyoni kaNgwane eyakhele emaweni, ezinye zakhele emithini.

Alima ngensimba yamadoda uModndli wabalambile.

Umzaca okomba amaNgwane uMwelela kwelinga phesheya, kwe gwa nengavavuma, uzinsonge zingaphesheya kwoMzinyathi.

Alidwala libushelelezi ngi yalesaba, lemukise omame. uVezi owadla ozivezayo, nezika mewazi ka yise, wadla ezika Mshesha,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

abeSuthu basale bemangele.

uma hamba emangala akandaba nguyamesaba elahla omame nobaba.

21 uSigweje ekhanda ukudla.

Kuthena ukuba abeke emajuba wahlangabezana nendlala. Kuthiwa wayehla kaniphile impela efana nawo amakhosi akwaNgwane ngoba nawo ayakwazi ukulinisa izilu. Njengoba futhi lona naye waye ngowase Swazini, engomunye wabenkosi, waye namasu amaningi emithi. Nanamhlanjena amaSwazi ayawazi umuntu wokukhanda amabele. Basa kulawa abantu kukhandwa amabele.

Naye uSigweje wafumanisana nendlala enkulu emajuba ebalekela uTshaka. Wabulala abantu abaningi enza umkhando wokudla wayenzela
22 ukuba ukudla kucume kubekuningi. Nempela kwaba kukuningi njengoba kwakulinywa ngemikhona amasimi amancane kodwa kwathi kanti abantu sebephelile abanye babo baphenduka amazimu, badla abanye ngenxa yendlala kodwa kwathi ukudla kungaba kuningi baqoqana ndawonye enkosini yabo futhi uSigweje. Waze laphela yena uSigweje, kanti kuye kubizwe inyanga izokhanda. Kwathi ukubona nexingane sezifa iyona indlala, ngobaphela izinkomo zenuka nomzilikazi kanye nabanye abantu bakwaSigweje yona inkosi isicashe emgedeni. Kwabizwa amadoda ayesekhona esasele nenkosi ukuba afune abantu bokukhanda ukudla, kwafunwa amadoda amnyama
23 amahlanu, kanti kuye kukhandwe ngomuntu emunye, kodwa lomkhondo wawumukhulu. Lomkhuba kuthiwa wawuthola kwazulu uSigweje.

Nokuvimba izinyoni wakuqala khona lapho uSigweje. Nawo lomkhuba wawuthola kwazulu kwathi ngokubona amabele emahle, nokwesaba amazimu ayeseqede abantu bakhe, walikhumbula isu lokwimba izinyoni.

Ukuvimba loku kwinjwa uma amabele esethelile, engakomi lapho izinyoni.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

zisawathanda kakhulu. Kuye kufunwe ixoxo liqaqwe bese kuthakwa izinsizi nalo ixoxo selishisiwe. Kufunwe elinye futhi ixoxo, nezikhoba zamabele sekuzofakwa ndawonye esigujini kushiswe, kushiselwe khona ensimini. Kuzakuthi abase khaya bazile ukugeza
24 ubuso nona izandla, noma uzimba, nezingubo zingagezwa izinsuku ezinhlanu. Kuyakuthi umasekuyo lahlwa izinyoni kuvukwe kusemnyamane kubekwe ensimini, kuyokhiwa zona izikhoba okwesibili. Sizizolahlwa kude impela ngalapho amasimu engekho ngakhona. Nabantu sebezo qala ukuyeka ukuzila nokulendwa sekuyekwa nezinyoni sewukunqamuka kwazo ukudla amabele.

Amasimu akhandiwe anokudla okubulalayo, kufuneka ukuba umuntu abuye akwelaphe ukudla, ukuze kunqabulalisi izisu. Phela kusukeku fakwe amafutha omuntu, yingako kusuke kubulale eziswini zabantu. Ziningi izindlela zokwelapha ukudla.

25 Amaqhawe kwaMdlalose.

Kuze umuntu abonakale ukuthi uyiqhawe waye suke ehlabene empini enkulu, kwafa abanye yena waphumelela. Uma esevumula yena usezofaka iziqu zobuqhawe abonakale ngako ukuthi yena uyiqhawe kunabanye. Kwaye kuthi nasempini bamubone ngako ukuthi ubani uyiqhawe, usezokwesatshwa. Isigcino sakhe uzobayinduna. Umuntu wayengaputholi ubuduna angabonaze ayilwe impi ahlabane futhi. Nezibongo wayezithola kanjalo umuntu ngokuhlabana. Nazo izibongo zakhe zizolandela imisebenzi yakhe nona esebongwa abanye,
26 nezinduna, nayo inkosi iyalazisa iqhawe. Inkosi yayiwaxoshisa izinkomo amaqhawe, abanye kuthiwe izilomo. Nazike izilomo zamangwane.

Uziza noMdoni kaNontanda. Ingonyama edla izinwele zabeSuthu nezabalondolozi, uGongoda induna kaMbobo uMakhomba umuntu ngentonga.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

u agongoda umuntu ngomgweleba, ubidi kaNgula wakwafusi, eNgumfowabo ka ntungwane. uNozihewu wezobawu, uNgwadla phangela izimpohlo e agonqo, u ankayana kanhlaka.

u bomvula ziyalwa koTabase uMtinta kaseboni wako Idlolose u sundulo owathanda omunye u khonusangiwa ngamakhosazana akwa pukunyoni.

27 uMahuluhulu kaThinta:-

uhlabana ngokadadewabo unoyizungu.

u budula ka anqandela wase Mangwaneni. uNyama ingadliwa ngamaklwa nangamazembe. uSipheku kaMkamama wase aziyeni. u adukumbana avela kwandlela.

uNyoka zakhele emithini emikhulu nemincane zinge nanyawo.

Ingwevu enjengeyase kuvumeni, umSwazi kaSekethwayo.

uMakhuza kwazulu, undaba zafika kuqala kwazulu.

u gebisaqolo wasendlovini lapho kukhona iTilidi, uqholo lasvela mbonqo.

28 uMlethi kaNomdinana, zonke izizwe zithi mlethe, ingwadla enabudle.

uSishesha wakwaNkosi, usefikile.

uJojo wakhalo ovika amabele

uNkisimane omnyama kaNgwane.

Soqalaza uNgwadla phangela

amawombe,

uSubedla ka nyezane wakwa fisi.

uSiboyana ka azwana udlula bembekile wawela

Izizoba sasale zasha, kwafa

izilwane zamanzi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Amhlathi ama kwabaswa ngawo.
Umlilo awupheli, ushisa amadoda nezinsizwa. Uma shikizela,
umadumela kwabonakala, indlela yavela.

29 Zibongo zeGundwane.

Bathi uligundwane, uligundwane bebona ukukhophokhophoza
kwesambane,
kanti ungumahlala enhloko egundile.
Inhloko ngamabomu obala qekelele, bathi belala ubenyuka.
Uzocosha samvuthuluka,
Isala ezitsheni zawa amakhosi uliphuya ungumahoba wengosi
ubobelani emgodini wegundane wanyamalalisa okombane?
Umehlwana acijile-nje zowaqondisa,
kuphele insangu yokuphuphisa, ufunda ukubeka indoda ebunjini.
Ufunda ukwika induku emavini. Nya! gembeqe wawa ngenhloko.
Yini emgodini ukusithela ngenhloko?
30 Ududwa mashiya ukudinga ubuthongo,
Sithi silele ubuguduza emsamo, uqeda abantu izinyawo belele
baqabuka bevuka baphelile,
Yini ubugwala ngesokulala?
Bamba ezakho uvelo bala.
Sibona insizwa ukuphonsa induku,
Iyiphonsa enhloko kwethuka amathuku.
Yini gundwane ubumpempempempe
Ubagwala abaziwa konsempe
yona igadla ikhale igijima,
uzwe ngomoya ukuswakama,
Indlu yegugu injalo iyanetha
Usanda ngomlomo, umlomo uyanetha.
Ilala ungaphumi gwala ndini
Manyenyeza nswi! Nswe!

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Tela khona lapho gwala ndini!
Mpumputhe ayiboni
ibona ngokuhlwa.
31 Nango umadevu ikati, ikati, lakwethu.
Made uziqopha izingubo zethu,
phuma gwala ndini emgodini?
Sobona ukuhlala uzufele emgodini
Sondela sikunqume izixhanti
Wangenwa ingebe wadla samhlathi.

Iphi eyakho siyishaye amangwevu
aphele kwalapha amakhefu.
Imboxi nguwe belu gundane
Ulishayakhothe wegundane,
Bathi "Umthakathi wangena ekhaya",
Isisusa sengoma beyikaya,
Kanti umacakula injobo nguwe,
Umacakula sidwedwe sigege nguwe;
Sebexabene bodwana bunikilili
Umuzi ukuchitheka buxhiphilili!
Hamba gundane naquba aquluse
nyawo zinyathela zibancamise
nyawo zakhekwa zakhetha amabala
Mlomo wala amahlaya ukwela obala
Hamba gagajana maqina ngenhloko
32 wena owafunda walima ngenhloko
Omanye basala babambe isisu
Mashaya aqothule badinge ilisu.

Izibango zika Mada Inkosaz

eyayimhlophe inhle yakhalisa amakhosi onke ngesikha.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Umhlekazi ofana nelanga liphume,
Ilanga liphuma empumalanga,
Linqamula lize liyoshona entshonalanga.
Ubaqa olumhlophe kwezimnyama,
Ubaqa olukhanye kwaxabana izizwe zodwa.
Olukhanye luphesheya phezu obonjeni kwezwakala.
Wena owehlula imilomo ngemilomo. Uma wela iziziba
zigcwele, waze wacusha nasemagagasini.
Oqamuke kwakhanya ezintabeni,
kwaze kwakhanya nasezigojananeni
33 Mina ngiluqabuke selimise ezintabeni ezimbili
Omagwe Nonyathi kwasha iziziba omame basale osizini.
Ungwane wasukumela phezulu,
Wawubula umlilo, obubaswe uzulu.
Kosazana umazwi amnandi,
Unjengesigcaki samakhehla,
Kanti futhi ungumuthi wogwazi,
Indlela sesiyoyibuza kuwena
sibani sika mpephetha.
Esiguduzisa amahlanze nemigede,
Iye isiweze umfula uSuthu.
Uzulu sesiyomhlabela umkhosi
sesibuya nawe phambili kwezikude izintaba.
Yeka lentokazi yana mpephetha
ibukeka bo! Ihambela phezulu
njenge qhawe. Ingasathendele lona
licasha esithubeni,
Lakungeko meno nesedindi sokusithela.
34 Ukasifileli ongacibonda sonsimbithi,
Sona siphasa indlunkulu yomzi,
Size siphase amalawu namaxiba awo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ngike ngahambela ebandleni lamadoda,
Ngamfica uNada.
Ubeninga nawo izindaba ezinkulu,
Ewabeke ezinhlamvini zamehlo.
Ngoba phela ngu mathibela,
Othibela izinkunzi zakhothama,
Ngikakhe ngibona umhlola,
Ngingakaze ngizibone izinkuzi zikhothama,
Kungase kugcine elakhe njalo.
Ngabuye ngamfica esixukwini somame,
Elandisana nabo unyekeliso
Ngaphinde ngamufica esixukwini
so dade nabafo,
Uyisimanga wena umhle njenge langa
libantu bakhe, Mhlekazi.
Uyadela umhlekazi yena ayilo
konke ngapha, luhedla kogqayinyanga.
Ngapha, ngumngoma kazi ezangomeni.
35 Ngapha, uzomfica ehuba esidla ngaleni sabahai,
Ngephimbokazi lakhe.
Sikhumba esimhlophe, ube umnyama ngenhliziyo.
Ndlondlokazi emehlo abukhali,
Engibeke qede ngajiyela umgodi wokucasha,
Ngisale sengisithela ngesithupha
Okuwe sikhundlwane sakoka maliwase.
Sikuthanda sikwesaba ndlondlokazi,
mehlo anzima uyesabeka wena.
Nkosazane uyesabeka
Ipephethe waphephetha
izihlangu zamadoda zawa phansi.
uNgwane ephelele uyesabeka
Nkosazane umazwi amnandi
unjenge sigcaki samakhehla

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kathi futhi ungumuthi wokwazi.

36 Izinsuku zokuzila.

Abantu bakuqala amangwane, namazulu ayenezinsuku zokuzila. Izinsuku lezi babezilandelisa ngokuziqopha kwakugawulwa induku iqoshwe mihla yonke. Nomabebuya emasebenzini wabe lungu sebesebenza babe qopha izinduku ukuze izinsuku zabo bazikhumbule. Nayilowo wayene ndukuyakhe. Kuyothi umuthu angaqeda izinsuku ezingamashumi amathathu azike ukuthi useqede inyanga. Kuzakuthi nakwenye inyanga kube njalo.

Nabo abesifazane abakhulelwe babenzanjalo. Bonake babeqopha
37 izintunga zendlu njalo ekupheleni kwenyanga koze kufike lolo suku lokuba abelethe. Phela amagama ezinsuku ayengaziwa, afike nabahlophe wona. Njengoba sithi namhlanjena kukhona iSonto, nomsombuluko, nezinye izinsuku. Into eyayaziwa kuqala ukuthi izolo, kuthangi, namhla, kusasa, ngomhlomunye kuphela. Nezinyanga zazibadida impela. Unyaka wawuqala ukwethwasa kwehlobo, uze uphele eku heleni kobusika. Kwakungenje nga namhlanjena lapho unyaka sewe hlukene kathane. Nabo abakuqala babenezinsuku zokuzila njengoba nanamhlanjena sinazo. Lezinsuku zokuzila
38 kwakuthiwa ezimnyama zona noko ezinye zalezi izinsuku zisakhunyulwa nanamhlanjena. Nxa inyanga ifile kwakuba khona usuku olulodwa engabonwa ngalo, kuthi ngakusasa kuse ibonakala entsha. Ngalolusuku inyanga ingabonakali, kwakuthiwa alumnyama kuzilwe ngalo. Nempi yayingaphumi, nentombi uma iyogana yayingaphumi. Kwakwaziwa ukuthi linesinyama uma kukhona okwenziwayo. Noma umuntu ezohamba ngalolusuku waye engaphumi ngoba usuku lamashwa lelo. Kwakuzilwa impela ngalolusuku lize lendlule.

39 Olunye usuku lokuzila kumsukwana kufiwe. Nxa kufe umuntu, izihlobo zakhe zonke zazizila zingaphathi ngisho nomncane umsebenzi kuze kuphele izinsuku nona zibantathu, kuyenjalo ngobukhulu

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

bomuntu. Uma kuwumntwana kwakuzilwa noma usuku njalo njena. Kwakuthi uma umuntu efe namhlanjena kuyekwe wonke umsebenzi engabe iyenziwa ngaleso sikhathi. Nonakhelwana babuye bonke emusebenzini.

Kwakuye kuthi ngakusasa kube usuku lamakhubalo. Lamakhubalo
40 ayedliwa yilabo abazalo kuphela. Izihlobo zazaziswa masishane. Kwakuthi noma zedlule lezonsuku zokuzila uma umbiko ufika kwaba kude bazile ngalelo suku lombiko noma sekwaphela unyaka. Kwakwaziswa ukuthi uma umuntu engakwenzanga loko wovelelwa amashwa, nezingozi ezimbi impela. Nanamhlanjena lolusuku lusohlonishwa kakhulu impela. Kwakuwusiko ukuthi owesifazane ofelwe indoda agunde isicolo. Namhlanjena owesifazane ofelwe indoda akagundi ekhanda. Uma esekhumulile uyaphuca ekhanda. Kwakuthi nesidwaba
41 asihlanakazele. Wayengagani kuze kuphele izinsuku lezo ezifanele, imnyaka ewu (3) emithathu kande angenwe, esekhumulile.

Indoda yona uma ifelwe yinkosikazi ibihlala izinyanga eziyisithupha noma unyaka ubemunye bese iyaganwa. Nayoke indoda ibigunda ikhanda nesilevu. Kwakuye kuthi emva kwezinyanga ezimbili kwenziwe ihlambo. Olunye usuku lokuzila, kwakuwusuku ngamhla kuwisizulu. Kwakuthi kungawisa nomakancane isicotho kuyekwe ukuhlakulwa emasimini, noma ukuyolima emasimini. Kwakuthiwa umakungahlonishwanga izulu liyokona. Umfelokazi waye ngangani
42 esibayeni sezinkomo, aze akhumule. Uma efumanisa izinkomo zidla wayenga zidabuli . Uma angazikhyaya lezonkomo zazibalula zisheshe ukubabalala ebusika. Futhi kwakwaziwa ngokuthi kuyazixhwalisa izinkomo loko. Uma umfazi esadakubeletha wayengangeni esibayeni aze athole umuthi amukiselwa kande angene. Uma umfazi esekhulelwe waye engangeni esibayeni, uma umfazi eyeshintshini wayezila angangeni esibayeni. Wayengayenzeli indonda ukudla aze aqede lezo nsuku zakhe xokuzila.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

43 uPhandane Kunene

Ukhala isililo ngokufa kwezwelakwa Sigweje musukwana bemukha eMajuba. Lapho uSigweje wayesephelelwe abantu abaningi. Njengoba abanye baphenduka izigcwelegcwele, abanye bemuka bamushiya baphindela emuva, abanye bakhonza kwamanye amakhosi. Iningi labo bamuka noMzilikazi ebalekela uTshaka. Nasoke isililo sikaPhandane:-

Wo, he! lafa elakithi kwa
Ngwane! lafa nobuhle balo
bonke! Lasala namagwala,
abafazi!
Izwe Lenkosi! ladliwa amanqe
odwana; Izinkomo zaphangwa
amanqe,
ukudla kwadliwa amanqe
44 konke kwadliwa manqe.
Inkosi yasala imangele,
Inkosi yaphenduka umfokazana,
lafa elengonyama akwabalutho.
Jabula ngwane ekhaya;
Ngiyawazisa uMbangowabantwana,
Owasisusa ekhaya kwaNgwane.
Jabulani zitha zenkosi, niphumelele
namhlanjena nidla ngolwethu oludala,
nina nisadla ngodala.
Wafa wena wenkosi, woselwa.
Yeka kwelakhithi kwaNgwane.
Mabutho, mabutho,
nanithini kantina?
nalahla owenkosi
Khala nkomo yakwaNgwane

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

45 Kungasekho ukuya ndawo,
Kusho mina Phandeni wenkosi.
Yeka kithi kwaHlathi,
Sasidla ngoludala Ngwane.
Yeka ukuba sasazi!
Saphelela oboyeni, Ngwane
Izinkomo zenkosi,
Zazidla utshani benkosi,
zikhuluphele ezenkosi,
Zodla amabutho ayo,
Futhi zondla nayo, nabantwana,
nawo mame, ziphi Ngwane namhlanjena?
Amahlathi amahle,
Notshani obuhle;
Indlala sasingayazi,
Ukomisa kwakungaziwa,
Amadlelo amahle,
Nempilo emnandi, enhle.
Insimbi siyikhanda,
46 Amabaxa siwabaza,
Izigqiki nezingqoko sizenza,
Amacansi baweluka omanu,
Izinkamba zibunjwa omanu
Ngwane nina benkosi liyobuyamini na?
Ukugweba, nokwebuka akwaziwa,
Ubuvila abaziwa,
Abamhlophe, abandlebe zikanya
ilanga asibazi,
Abathakathi asibazi,
Intelo yayingekho kwangwane.
Wo, he! lafa elihle kahle
kakhulu Ngwane,
Lafa nobuhle balo bonke

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Lafa lasala nobugwala,
Nobunja bodwa.
Mangwane vukani, nibone umhlola.

47 Lamazwi wathi ewasho uPhandeni inkosi yaye isikeyabiza umkhandlu wabantu bayo, isibazisa ukuthi kuhle kuyokhonzwa kwabamhlophe. Abantu bayo benqaba bathi ingathi laba abamhlophe bayathelisa na? Singaya kanjani kubona thina na? Abanye bathi akuphindelwe emuva kwaMgwane. Inkosi yenqaba yathi ngingabe sengiyozibulala. Yayisho ngoba yahamba ixabene noMswazi. Kuthiwa kwasuka esikhulu isililo emadodeni. Kwathi kanti sebaphelile bonke, bafisa ukuphela bonke bathinya. Izwilabo bathi, "sofa sonke siphele sithi nya". Inkosi yabayeka, kodwa ubuhle
48 babafundisi abamhlophe base busobala, abanye sebe bubonile. Kodwa ngokwala kwabantu bakhe, waphindela emuva khona eSwazini kodwa kuthiwa akamange esaphila ngoba wayeseba ukuthi inkosi izakumubulala ngesenzo sakhe sokwe lekelela uMalambule. Kodwa iqiniso lakhe alitholakali kahle ngoba abanye bathi wafela ondini ethi ufuna umkhondo kaMathiwane ngoba inzalo yakhe uMathiwane yiyiloku izwakala ukuthi ikhona eyasala phansi kondi, noma yena phela uMathiwane abuye waphindela kwazulu lapho afela khona.

49 uMangethe inkosi ya Mangwe

Kwathi kanjalo, naye uMangethe, wemuka kwaMgwane, njengo Mathiwane owabuye wahlubuka ubukhosi bakubo kaMgwane. Nayeke uMangethe wahlubuka wakha ngase Hlobane. Njengoba phela labuye labusela umkhabayi leli lasebaDulusini khona belu kwelase-Hlobane abeke eningizimu kwaku khona indawo lapho uMangethe esabusa ayehlala khona. Kwakuna matshe ayezinqabazakhe zoku
50 kwakuthi nomahlola impi yamaSwazi ahlalakhona uMangethe. Yiwona, amawa aseHlobane ayewumngede wakhewokucasha. Lamatshe ayefana netshe lapho uBabada kaMancinza acasha khona mhlaelwa nabelungu engavumi ukuthela imali yamakhanda.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Lesisizwe samaNgwe ka.Langethe sasakhiwe yilaba abakwaZwane abakwaNsele abakwaMazibuko nabanye bezinye izibongo. Koswa lezi engizibalelapha yizona zazinkulu. Abanye futhi bawo a.angwe ababe ngase .agoda ngase .thonjeni wawo abakwaKhanyile. Naboke
51 babeyisizwe abakwa khanyile laba. AbakwaNsele laba iningi labo abakudabuka e.angwaneni. Behlukene kabili kukhona abanga.angwe okudabuka, kukhona uNsele ubangugwayi. Labake bakwa Bangungwayi bafike nabase .angadini kuleli lasenhla muva njena. Bafika nomBobo ka.dlophi, kanye nonhlaka kaDikane wakwa.dlalose.

laba a.angwe ayebusva u.athiwane ka Gwembeshe isibongo sabo kunga bakwa Sangweni. Izibongozomdabu ku.angwe esakwa Sangweni, neSakwa LuHlongwane, noHlongwane. Kusobala ukuthi naphezu kakwahlukana kwezibongo amaNgwane nawo ama.gwe badabuka ndawonye.
52 Ukufakaza ukuthi a.angwe namangwane badabuka ndawonye yingoba izibongo zaboziyafana nxazombili. Abanye bathi laba a.angwane bazalwa yinkosana yamangwane, amaNgwe azalwa ikhohla ngakoke amangwe awuphume lamangwane. Namazwe amangwe namangwane babekhelene ngoba amangwe ayakhe ehlobane, encikine naye uNgwane. Nomaphela babephila ngokulwa njena.

u.angethe akwaziwa ukuthi washona ngaphi. Abanye bathi wafa esewele u.zinyathi eserukile lapha kuleli laseHlobane. Kusobala ukuthi kungayiqiniso ngoba amangwe nanka phansi kondi.
53 Ngendaba yamaNgwane, ngabe akamukanga u.angethe ngoba yayiyayi buye iphele, noma a.angwe ayehlale ehlulwa njalo. Kodwa ayeloku equbeka anda kancane ephuma ebeka emfolozi emhlophe njengoba naye u.angethe wafa esewele u.zinyathi. Kodwa kwathi ngokufika kukazulu. Kwathi ngenkathi uzulu exosha u.athiwane yena u.angethe wamubukelela wamuhleka. "Inxeba lendoda alihlekwa". Kuthena kunjalo uDingane wahlasela yana u.angethe. Babakheleni. Kwaba ukumuka kwa.angwe kwelaseHlobane. Kuthiwa wake walinga ukulwa u.angethe Kwafumaniseka ukuthi uzulu unamandla

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

54 Impi yamaSwazi akaZulu nabelungu. AmaSwazi akhonza kwazulu.

Kwelase nhla abelungu bagcwala lonke izwe. Kuthe abanye bese zinhlonga abanye babenyusa iDudusi begudla uThili beqonde kwaNkambule. Abanye nampaya entombe. Ese ntombe isibambana nebade liholwa ngu:-

Mbotshana Zokhahlamba, umancishwa ishoba ngu Mnyamana ezalwa ngu Ngqengelele aze aliphuwe nguMbangulana umthakathi. Ngu bilinlowo awalwa entombi. Wangena ngemvula enkulu entombe. Isibambana lapho u bilini evimbezele abalungu efuna ukubuqa abalungu ikanu labo. Kwathi ukuba eyabelungu ishise yemuka
55 eka bilini. Ngisho ukuthi abelungu abanye babo baqonda kwaNkambule abanye baya eNtombe. Laba abakwaNkambule bafike qede bemba imusele yokucasha bakha izibaya abalwa bekuzo. Sebecitheka zonke izinkalo kubabomvu amabantshi enkasa ehamba phansi. Babebodwa abagibele amahlashi, nabangumuzila omkhulu. Nezinhloli zabo zigibele wona amahlashi. Kwakukhona nombayimbayi awawudonswa amahlashi. Kwathi kanti eyabelungu imuzilazila, kwathi lena ehamba ezinhlonga yawelela eNcome qede yazoshaya eNkande. Isiye yusa insengeni iqonde enazinika Seketwayo ezizweni.

56 Kwathi ukuba ifike ezizweni yafumanisa kungasekhomuntu seyikhukhulile lena yamangwane. Nezingane nabafazi kungasekholutho sebeqonda kwaNtabankulu, nakwaMgenetsheni lena eMahlathini. Izinkomo zona sezidla esikhaleni Sengonyama. Kwathi izinkomo zakwa. Nkambule, nezakwamakhathini zacishe ukudliwa zona. Kwathi zithathwa ziyofihlwa kanti nampa abelungu abayizinhloli bayazibona lapho bezishonisa ngakhona. Zehla kwaNqongwane abelungu bezibona. Kwathi ukuba abaziqubayo babone ukuthi nampa abelungu, sebezinquma kabili, ezinye bezishiya. Kwathi kanti

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

57 nezinhloli ziyazibona zesaba ukuzi khalima ngoba impi yayise
kawathangeni entaba. Lempi belu yibo abantu bakulo lonke
lelilase kakhatheni. Omunye umdlalose isiqu sakhe ukwanseku
le eNzansi.

Amazibuko lana abelungu bawabona ngoba laba bakwamdlalose
yibona abawelayo beyogela. Laba bakwankambule babeholwa nguhamu
nomthonga. Kwathi umuzila wabamnyama owewusa eNsengeni
wawuholwa ngu khothisi wasemaNgweni naye ekade ewela. Ngiyena
u khothisi awabakweza phezulu ellobane waba khombisa intuba
58 entabeni ngoba yayinamawa inga kwelwa yonke indawo. Abelungu
Bona sebekhuphuka eNsengeni benyusa uDedemude bezowela i filozi.
Kwathi uma sebe sezindongeni maqondana naseSilweni, sebedubula
abamhlonhe. Bedubula oNtuzwa. Kwathi ukuba abantu bezwe
izinhlamuvu babaleka kwabantu abelungu sebekhuphuka eNsengeni
abelungu benyusa uDedemude sekendlula beqonde eNtendeka bendlula
baphikelela khona ellobane yase ikwela phezulu enkangala zase-
hlobane yalala khona eyabelungu. Kuthena kusa ngakusasa sabona
59 izinhloli sezigcwele wonke ama gangana wonke lana phezukwethu
kumqongwana, nezingweni. Kuthi kusenjalo wavela umantshonga
umfowakwaKeswa, wahamba waqonda kwankambule eyohlola, wayengathu-
nywanga wazisukela njena. Wayegibele inkabi yehashi emhlophe,
ebizwa ngokuthi uMayime uphethe esompheme, wayegaxe nemigaxo,
yezinhlamvu. Waye ngiyukwenza lutho kanti eyogolomba abelungu
enzela yikhona bezo casuka bamkandele baye bamfikise phakathi
nempi yikhona lena esemaceleni impi yabantu iyovuka ibagwaze
60 abelungu. Kwathi elinye ibutho lamaBobo lamulandela
uMantshonga lithe lingafika kwamlilwana lama lamubuka umantshonga
waqonda khona esikanisweni sabelungu yena. Wathi ukuqamuka
wababona abelungu wadubula kwathi ukuba bamubone bamusukela
ngamahashi kude kude naye bemudubula.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kwathi ukuba ehlele amaGoda bamuyeka abelengu base bephinda emuva. Walehla ikhashi lakhe waphumula kancane kuthena bengena ekamu wayeselapha futhi ukantshonga, nehhashi lakhe. Kuloku bannxosha bamuweza amagoda. Kathi lingashona wase uyabuya.

61 Kwasa ngakusasa sekulwa eyaseHlobane. Kwasekuqamuka impi yakwazulu ngase Ningiseni, lempi yayiholwa umnyamana kandabuko kuqodwe kwaNkambule, kayaziwa lena eyaseHlobane. Kwathi ukuzwa kala ukuthi nansi impi kwasekunqamuka ukhandampemo u no ve kabili.

Kuthena ukufika kwengobamakhosi nokhandampemvu kanye nove kwezwakhala ukuthi impi isilwile isinganeno kwaseHlobane. Kwathi ukuba umswazi ngisho indodana yakhe umbilini afike yachitheka eyabelungu yabaleka yemuka kakhulu.

62 Kwathi umabe baleka abelungu bazithela kungobamakhosi nove. Babagwaza njalo abelungu bacishe ukuphela. Abanye basinda babeleka impela kakhulu. Kwathike laba abasala babeka ezinkanisweni kwaNkambule. Kwathi impi yabantu yabaxosha yabaweza amagoda yase iyabayeka yaphinda emuva.

Njengoba lena eyabamhlophe yayi hamba nabantu abamnyama, kwathi kanti abelungubamahhashi basindile abanye babo ababe hamba ngezinyawo baphela bonke khona lapho eHlobane. Abanye babo
63 balinga ukubaleka abasiza lutho yaba vimbezela ndawo zonke. Baphela iwona umkhonto. Kwathi naba baleka bebeke ezingweni bahlangana nakhwathini abagwaza baphela abamnyama ababe hamba nabamhlophe lapho. Abantu babebazonda kakhulu abantu abamnyama abasiza umlungu. Ukuba abantu bahlabana du ngaleyo mpi kwaze kwahlabana umfazi emakhwatheni. Isibongo salomfazi nguka Jaweni igamalakhe uSontiwe. Uyena owabulala inkosi yakwaDube eyayisiza abamhlophe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Lona uka aweni wayesengedeni yena kungowase zingweni
64 Wayesengedeni kwazikhali ecashele yona impi. Kwathi ebona wabona indoda ifika ikhefuzela igqoke ijazi yayijuluke isimanzi lendoda ikhefuzela impela. Yathi kuye, "Lame kuhle ungisize usa usungifihla ngibe umuntu wakho". Kuthe ukuzwa loku uka Laweni wavuma ukuyifihla indoda nayoyajabula impela indoda. Kuthe ihlezi enganazele yezwa ngembazo ekhanda, wawuyayoqeda njalo indoda umfazi yafa khona lapho. Bababaza abantu bonke ukubona umfazi ebulele indoda bamuqamba izibongo umfazi bathi:-

umogqika, Nogqiza ngamawisa,
ungwadla phangela
65 "unyayiza, unokhamela
umuntu ngomhlandlathi".

Kuthiwa waphangela unyayeza umntanakhe, ngoba yena unina usehlabene kuqala. Lomfazi umfazi obegiya umasekugiywa kwaMdlalose zazimbongela zonke izingwazi ngoba ziyamazi. Naye ubevunyelwa ukuvunula njenga madoda. Wahanjiswa wasiwa enkosini ukuba iyomubona lomfazi. LamaSwazi engikhuluma ngawo, amaSwazi akwazulu. Njengoba ngishilo ukuthi amaSwazi asakazeka nezwelonke ngendaba yombango wabantwana benkosi. uMpande inkosi yakwazulu eyabalamula.

66 Lomfazike wasiwa enkosini uCitshwayo. Yathi inkosi akayixoxe indaba wayixoxa umfazi lendaba. Inkosi yamangala ukuzwa umfazi onesibende obulala indoda. Yabuzisisa inkosi yathi, "wayibulala impela indoda"? Wavuma owesifazane. Yase imuxoshisa izithole izine, inkosi yajabula

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ngaye impela. Wagiya khona ondini uma inkosi isimonika lezizinkomo. Wase ethola izinqu lomfazi.

Ngalempi yase Hlobane kulapha umbilini akhukhumala khona. Yena owenkosi umbilini wahlabana kakhulu ngisibamu, wabulala isizwe sabantu. Abanyeke nabo bahlabana ngomkonto. Kulempi
67 kwahlabana umfoka Mnqandi uSishishiliwabulala induna yama, yezitha. Kwahlabana uSasha kaDangazela wakwaMdlalose, waye ngu Mdlalose wase baQulisini abakhuphuka nomkabayi. uSasha uthe egijima kuxoshwa abelungu namakhafula wafica umlungu oseqede impi cyigwaza ngomkhonto wesilungu insabula, abanye bathi yisipeleti. Lomkhonto waphiselwa emlonyeni wesibamu. Umlungu lo kasadubuli, usegabe ngesipelete. Ufike qede wema wabanda ngetshe lechoba, kuthi ngaphambili lapha wala umkhwani ngomkhonto
68 wakhe, izinsizwa sezidindi lizile ebezithi ziyazazi. Sesibeje sabomvu isikoshi sansondo sifake ididla lwaso, abanye abelungu setefile, kwathi abanye babaleka ngamahhashi.

Wafika kunjalo uSasha kaDangazele. Uya kuye umlungu, uza nezinye izinsizwa. Uma bethi bayaciba, umkhonto uyambiza ubekele, umlungu ewuvika nge sebamtu. Uthi, uSasha, "Ngezwa ngifikelwa ligwebu lokucasuka ukuthi singamushiya evele umlungu na? Ngaziphonsisa okwempukane iziphosa obisini, ngafika ngenhla ngehla ngewisa namathinzane esihlangu, ngasuka izigaqa ngaye
69 ngahlala kuye amahlanze, ngawuphonsa emuhlombe. Wavima phansi ngaziponga phezu kwakhe.

Safa isikoshi sesizendlalele nokho. Waziswa kakhulu uSasha ngombilini noSikhobobo ngobuqhawe bakhe. Abantu abakhulu kasisho x ukuthi bona batengahlabani, kodwa babehlabana kakhulu ngomjikijelo wesibamu. Ingani kabayishiya nga impi omswazi, nomtuzwa noZidunge. uMankayiyana yena waziwa kakhulu ukuthi yingwazi, engadubuli ngasibamu. Ukhalo lapha kwaphela khona abantu abamnyama x yilolu alusuka entendekaluza emakhwatheni.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Yila ho kwahlabana khona, "ukati elibeje kwamthashana, u ngwaza
70 ayilinde," umonashashi kaGxobela wakwamasondo, owaphanga umlungu
entombe nakwamthashana. Kwathi ukuba kuhlwe labeka izulu, kwathi
cwaka. Ngakusasa wayethi umuntu isalwa ezinkalweni, umuntu
ezwa kuthi "qhu" kante kuqhuma amathumbu amadoda. Amathumbu lana
athi angashiswa lilanga akhukhurale ngoba nakhu ahlezi obala
umuntu uqhaqhiwe. Asezode ezwakala emini eqhuma zonke izinkalo.
Kuthiwa eli elase-akhwatheni lamila uqunga lathi vumbu lonke
izwe, lalivundiswa zidumbu. Kwathi nyakana lishayo, umlilo
71 waduma wabamba izulu njenga lapho usha esishozini lapho kwehlela
khona izulu. Kwa bamhlophe ku amathambo ezinkalweni emahlungwini.
Nasezinkalweni zakwa Nkambule abamhlophe ku amathambo engobamahlosi
no ve abaqedwa ngama ngisi.

Ungilija uthi kungalelola ngamhla bekhuphuka entabeni
ngenhla kwase-akhwatheni kade begvaza abantu abamnyama ababehamba
nabelungu ababili. Omunye umuntu wagijima njalo umkhonto unic
emhlombe, akwaziwa nga ukuthi ugwazwe ubani lowo. Kwathi kunjalo
sezwa izibamu siqhuma kwaba ukucasha kwethu lapho salalelisisa
ukuthi sisho ngakuphi. Kuthe kunjalo asabe sesezwa lutho
72 kwathula kvathi nya. Sathi sibona kwakuqamuka uZibebu.
Wayehamba nehlanzana lamadoda agibele amahhashi usesibengelela,
usebuza ukuthi, "uphi umbilini kaMswazi na"? Sathi ukhona.
Wabuza ukuthi, "uhlabane kanjani yena na?" Sathi ubulele izwe
wathi akasizi lutho ukuhlabana kwakhe ngoba ulibele abantu
abamnyama (esho ababehamba nabelungu) wathi mina ngi labene
nabelungu. Nempi eyayiliva eyasehlobano eyakwaNkambule ayika
thintwa yona. Urethi uzibebu, "nazi izibamu zami engizidle
kvabamhlophe". Zazizintathu namahlashi amathathu. Wathi
nomtshena umbilini ukuthi ngimahlule mina. Wawuyahamba njalo
ewusa e-akhwatheni. Kwaku uyena lona owasethusa ngesibamu
edubula ubala efuna ukubona ukuthi sizokwe nzenjani thina.
Wabuza umnyamane nempi samuladula sathi, "asimazi ndabe zetha".

END 784

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.